

# UKUKHETHWA KOMLOBOKAZI



Inengi labantu abagulayo. Angeke ngifike kubo bonke sikhathi sinye. Kodwa, lalelani.

<sup>2</sup> Ngiyathokoza sibili ukuba lapha njalo, lobu busuku, kulesi sakhiwo esihle, phakathi kwaleli qembu labantu elimangalisayo. Futhi besingena phakathi, phandle le, isikhathshana esedluleyo, abantu bemile phandle esitaladeni bathi abenelisanga ukungena phakathi. Futhi ngathi, “Awu, mhlawumbe ngingalitholela indawo.” Futhi abazange babavumele ukwehla babuye. Ngakho ngilusizi kasila ndawo yabo eneleyo. Bathi indlu yangaphansi ibisigwele, layo. Futhike silusizi ngalokho. Kodwa siyathokoza ukuba lapha, futhi sithokoza ukubona lonke leliqembu elihle labatshumayeli, osomabhizimusi lapha, futhi lani lina lonke manxusa abavela endaweni zelizwe ezehlukeneyo.

<sup>3</sup> Ngibe lethuba elihle kakhulu lokukhuluma lokhu kusa ekudleni kwekuseni, lokho engikuthakazelelayo ukuba ludumo sibili ukukhuluma phambi kwabantu abahle kanje. Bengise sifundweni sokuthi: *IKhoba Kaliyi Kudla Ilifa Kanye LeNgqoloyi*. Kangizange ngikwanise ukusiqeda. Futhi bekungayisilo i—icala lomzalwane. Uzamile ukuthi enze abaphathi ukusivumela sihlale okwesikhathshana eside, kodwa kazange akwenze khona. Ngiyakuthakazelela sibili lokho, Mfowethu Demos. Lokhu kuhle kakhulu, sibili. Ngiyalibonga sibili ngesisa senu, munye lamunye lonke. Kodwa kabazange basivumele ukuthi sikwenze. Ngakho nje kwaku fanele si—kwakufanele sivale. Ngizakuthatha lokho, kwesinye isikhathi, ukukuqedisa lokho: *IKhoba Kaliyi Kudla Ilifa Kanye LeNgqoloyi*. Likuzwisisile khona na, lina ebelilapha? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Ngiyathemba bekulokweneleyo ukuthi kuzwisiseke.

<sup>4</sup> Manje, ngiyazi, lobu busuku, kulequla, futhi, ngakho kangifuni ukuligcina lapha isikhathi eside okokuthi kuzaleqa lokho. Ngoba, ngicabanga ukuthi lokho ngeqiniso kwakulusizo e—ebantwini abakholwa ePhentekhosti, lelo qula esilibonileyo ngobunye ubusuku. Ixuku lamadoda amahle, impendulo ezimangalisayo kanjalo, ziqondile. Kwangenza ngezwa kahle sibili, ukukubona lokho. Ngiyathemba ukuthi iNkosi izakukubusisa khona, lobubusuku. Futhi loba ngubani lowo okhangelayo, makuthi bakholwe. Lokho kungaba ngumkhuleko wami oqinisekileyo.

<sup>5</sup> Futhi lembiko eminengi kangako engenayo, lamuhla, ivela phakathi ezincwadini futhi lasemafonini, okwabanengi besiliswa emhlanganweni lowu. Ngathokoza kakhulu ngalokho.

Ukuthi, lokho, ukubona abantu begula, lokho kuluhlobo lwenkonzo yami.

<sup>6</sup> Ngi—ngiyabuya phezulu lapha ukuzotshumayela. Mina, liyazi, kangisuye mtshumayeli. Kodwa mina, kanye lalokhu, ukukhuluma kwami kwaseKentucky, “kwakhe, haint” futhi—futhi lamazwi wonke lawo, ngakho a—angeliseli ukutsho lokho esikubiza umtshumayeli wesimanje walamhlanje. A—angelisanga ukuthatha leyo ndawo, ngoba a—angila mfundo.

<sup>7</sup> Kodwa ngiyathanda ukutshengisela lokho engikwaziyo mayelana Ngakho, kwabanye, kumbe lokho engikuzwayo ukuthi ngiyazi Ngakho, kwabanye, ukuthi ngiKufunde kanjani, lokuthi Unjani kimi. Uyimpilo yami yonke, konke lokho engingakukhangelela ukuba yikho, lokunengi kakhulu kulalokho esengake ngakucabanga, ukuthi ngingaba lomngane, kunzima, emhlabeni, lapho ngisasengumfana omncinyane. Kodwa ngeqiniso ngilokubonga ngabangane abakhulu lamuhla.

<sup>8</sup> Ngi... [Umzalwane uthi, “Siba lohlupho oluncinyane ukuzwa emuva ngapho, Mfowethu Branham. Sondela eduze.”—Mhl.] O, ngiyaxolisa. Ngi—ngingathi angiqondana lapha, kwenye indawo, utshilo.

<sup>9</sup> Manje, ukungena khona kanye enkonzweni kasivuleni ukuze sibale umMbhala. Ngi—ngihlezi ngithanda ukubala iBhayibhili, ngoba kuliLizwi likaNkulunkulu. Ngiyakukholwa lokho. Futhi ngiyaLikhohla ukuba liLizwi likaNkulunkulu elingehlulekiyo. Futhi manje ngileMbhala emilutshwane elotshwe phansi lapha, futhi lamanothi engizathanda ukukhombela kuwo, okwesikhatshana esimbalwa, mhlawumbe okwemzuzu engamatshumi amane lanhlanu.

<sup>10</sup> Futhi—ke sizaphuma ngesikhathi sokuhamba ukuyabona leli qula elimangalisayo njalo lobubusuku. Futhi ngiyathemba ukuthi uNkulunkulu uzaqhubeka elibusisa khona kusiya. Futhi ngiyakwazi lokho elifanele ukukwenza. Futhi kufanele ngitshayele ngiye eTucson, lamanje, lobubusuku, bona, ngakho lingakucabanga. Lokho yikutshayela kwamahola alitshumi.

<sup>11</sup> Futhi ngizabe ngisuka ngisiya phetsheya kolwandle, futhi kufanele ngithole ukuhlatshwa ijekiseni ye yellow fever ngokuhlolwa ekuseni kuhulumende. Ngakho ngi—ngifanele ngifike khonale. Ngaba lokudlulisela phambili, ngolunye usuku, futhi kabayikuthatha uhatshi “uhatshi” okwependulo njalo khathesi. Futhi ngilenye njalo eyokuvikela itetanasi letyphus, lamabooster ami.

<sup>12</sup> Ngakho, ngilokubonga ngaleli thuba, futhi—futhi lalowo mhlango omuhle esaba lawo phambilini komhlangano omkhulu. Ngeqiniso kuthokozise inhliziyo yami. Lilixuku elihle labantu. Ngiyathemba ukuthi uNkulunkulu uzalibusisa.

<sup>13</sup> Lapho ihola elikhulu li... Leyo nunu enkulu ilele phezulu ngale, leyo eziphaphisele eAlaska, izinsuku ezinlutshwana

ezedluleyo, iphosa umsila wayo phezulu njalo lokhu kusa, khona ngase, phansi ngase Washington. Angeza ngalindlela, kalula kakhulu. Futhi nxa uMoya oNgcwele uzavele engangitshela ngokoqobo . . .

<sup>14</sup> Omunye umuntu ebeyimpendulo . . . engibuza mina lokho, “kuzenzakala lapha, Mfowethu Branham?” Hatshi, kangikwazi lokho. Kangikwazi nje, ngize ngibe kwazi. Liqiniso lelo.

<sup>15</sup> Ngihlezi ngifuna ukuthembeka kanye lani. Kangiyi nje kucabangela, ngithathe loba yiphi imibono, kumbe eminye, lokho engikukholwayo, kumbe enye into enjengalokho. Lapho ngilitshela, kuzakuya kuba njalo. Awu, Kumele angitshela, kuqala, futhi-ke ngizalitshela. Ngi—ngiyakwazi umhlaba wonke usesimweni sokunyikinyeka. Sisesikhathini sokucina. Kodwa into eyodwa engizame ukuba yiyo . . .

<sup>16</sup> UMfowethu Shakarian ubesithi lokhu kusa, ukuthi wayevame kanjani ukuhamba emizileni yokukhulekelwa, futhi afike phansi lapho futhi athathe amakhadi lawo ngaphambi kokubuya kwabantu, futhi awakhangele, futhi abone loba—loba ngabatshela lokho ababekubhale phandle lapho. Bayabhala zonke inhlobo zezinto emakhadini abo okukhulekelwa, liyazi, futhi nje wayefuna ukubona nxa kwakuyikho. Wathi, phakathi kwamakhulu lawo ayewakhangelile, kwaku ngakaze kube lokukodwa okungayisikho. [UMfowethu Shakarian uthi, “Ngitsho okukodwa okungayisikho.”—Mhl.] Kakusoze kube lokukodwa okungayisikho, bona, ngoba, lapho—lapho kuphela kunguNkulunkulu. Nxa ngingazingenisa ngokwami phakathi kwakho, khona-ke akulunganga khona lapho kwasekuqaleni.

<sup>17</sup> Inkazana encinyane uyise ohlezi, engilalele khathesi, weza kimi, kungasikude. Waba lephupho. Wathi, “Mfowethu Branham, ngabe lisitshoni iphupho leli?”

<sup>18</sup> Ngathi, “kangazi, dadewethu. Ngizamele ngikudingisise nxa iNkosi ingangitshela.” Ngakho ngahamba ngazama ukubuza iNkosi, futhi Ayizange ingitshela.

<sup>19</sup> Inkazana encinyane yaphenduka njalo futhi. Wathi, “Awu, manje ingaphi incazelo yephupho lami?”

<sup>20</sup> Ngathi, “Woza lapha, sithandwa, hlala phansi.” Ngathi, “Ubaba wakho lomama bangabangane bami abahle. Bona? Futhi babuye bevela yonke indlela eCanada, bathatha impentsheni, futhi bahamba lapha kanye lami. Bayakukholwa lokhu, lokho engizama ukukutsho. Futhi angikaze ngikhulume loba kuyini okungayisikho kuloba ngubani, ngokufuna, empilweni yami. Nxa ngi . . . ngicabanga ukuthi ngiyakwazi lokho iphupho elikutshoyo. Kodwa ngize ngilibone iphupho lelo ngokwami, futhi-ke Angitshela lokho elikutshoyo, angeke ngikutshela. Bona, nxa ngingenza nje enye into, kungaba lesikhathi lapho obukade ungifuna khona phakathi kwempilo

lokufa, futhi-ke kawusoze ubekwazi loba ukungikholwa kumbe hatshi.”

<sup>21</sup> Nxa ngikutshela lobakuyini eBizweni leNkosi, kuliqiniso lokho. Ngye Lowo ongitshele lokho. Futhi kuze kube manje, kuyo yonke iminyaka leyi, kusiya umhlaba, lasemhlabeni wonke, akuzake kungabi yikho lasikhathi sinye. Ngoba . . . Futhi, khathesi, uyazi umuntu angeke abe ngongaphosisiyo kangako. Kuthatha uMoya kaNkulunkulu ukwenza lokho.

<sup>22</sup> Futhi khathesi ngiloMbiko lowo engilomlando ngawo. Futhi izikhathi ezinengi bengiqapheliswa, phakathi kwabantu, awu, mhlawumbe omunye ongazange ahlale phansi futhi ecabange okomzuzu, ukuthi ngang ngu—ngu, o, umuntu omubi kakhulu, ukuthi angithandi abantu, futhi ngangihlala ngibaquma. Futhi lokho akunjalo. Lokho kayisikho. Ngiyabathanda abantu. Kodwa, liyakwazi, uthando luyaqondisa.

<sup>23</sup> Nxa umfana wakho omcinyane wayehlezi esitaladeni phandle le, futhi wena wathi, “Junior, othandekayo, kangikufuni uphandle ngale, kodwa . . .” Futhi lezimota ziduma eceleni kwakhe, futhi wasumletha phakathi. Wagijima wabuyela phandle njalo. Ngani, ufanele umqondise. Nxa umthanda, uzakwenza. Ufanele ukwenze.

<sup>24</sup> Nxa ubona umuntu endenda phansi emfuleni, eqonde okule mpophoma khona, esesikepeni esincinyane, leso owawusazi ukuthi isikepe sasiza tshona lapho etshaya okulempophoma khona, ungathi, “John, wena, mhlawumbe ufanele ucabange okwesikhatshana, mhlawumbe awungeke uphumelele”? Nxa ngikwazi akayikuphumelela, ngiza phose ngimhluthune phandle kwesikepe, nxa ngisenelisa, ngoba luthando olwenzela lokho.

<sup>25</sup> Futhi manje, kuleyi Mbiko engiyikhulumayo, angizami ukuletha loba yiphi enye imfundiso, kumbe okunjalo. Ngi—ngiyakwenza lokho ebandleni lami. Kodwa phandle lapha phakathi kwamadoda labafazi labo abazinhlanganiso zesonto ezehlukeneyo lemibono ehlukeneyo, ngiyazama ukuthatha isimo esibuthakathaka, ngichasisa; kodwa okweneleyo lapho nxa uzelwe ngoMoya kaNkulunkulu, ngiyakholwa uzazwisisa lokho engikutshoyo, phakathi kwamadoda angamaKhristu, Methodist, Baptist, Presbyterian, lani okunye.

<sup>26</sup> Manje, lobubusuku, ngifuna ukuvula kuGenesisi, isahluko 24. Ngifuna ukubala i . . . ngiqala ngendima 12 yesahluko 24 sikaGenesisi.

*Futhi wasesithi, O Nkosi Nkulunkulu . . . nkosi yami uAbrahama, ngiyakucela, ungiqhumelelise lamuhla, futhi uyenzele umusa inkosi yami uAbrahama.*

*Khangela, ngimile lapha emthonjeni wamanzi; futhi amadodakazi abantu bedolobho baphuma ukuzo kukha amanzi:*

*Futhi kakuthi intombi engizakuthi kuyo, Beka phansi imbiza, ngiyakucela, ukuze nginathe; futhi ibisisithi, Natha, futhi ngizanathisa lamakamela akho: kakube yiyo oyikhethele uSaka inceku yakho; futhi ngalokho ngizakwazi ukuthi wena ungitshengisile umusa ku... enkosini yami.*

27 Futhi-ke eBhukwini leSambulo. Lelo ngelakuqala eBhayibhili, uGenesisi. Manje, ekucineni kweBhayibhili, ngifuna ukubala esahlukweni 21 sikaSambulo, futhi indima 9.

28 Siyakwazi ukuthi luMbhalo kaGenesisi lapha... Libale isahluko sonke, nxa lifisa ukukwenza. NguNkulunkulu ethuma uEliyezeri. Kumbe, uAbrahama ethuma uEliyezeri, lingixolele, ukuya khethela uSaka umlobokazi. Futhi uRebheka omuhle waphuma, futhi empendulweni epheleleyo yomkhuleko lowo—lowo uEliyezeri, inceku kaAbrahama, ayewukhulekile.

Manje kundima 9 yesahluko 21 sikaSambulo.

*Futhi kwasekusiza kimi esinye isithunyuwa kweziyisikhombisa ezazilemiganu eyisikhombisa zigcwele inhlopheko zokucina eziyisikhombisa, futhi sakhuluma lami, sisithi, Woza lapha, futhi ngizakutshengisa umlobokazi, umkaWundlu.*

29 Manje ngifuna ukuthaha okwesifundo, lobubusuku, okwalokho: *UkuKhethwa KoMlobokazi*. Futhi lokhu kuyi, nxa umfowethu orekhodayo lapha ethanda, leyi yiyo ithephu ongaqhubekela phambili futhi uyiphumise.

30 Futhi manje, kulokhu, akutsho ukuthi ngikhuluma lokhu kulelibandla elilapha, kodwa amathephu lawa ayahamba emhlabeni jikelele. Ayatolikelwa, ngokuqobo, o, ezinlimini ezinengi kakhulu, loba lasezizweni zamahedeni emhlabeni jikelele. Siyawathumela wona amathephu, kungelambhadalo, ngenhlangano yobudlelwano bebandla. Futhi ayatolikelwa. Futhi lakuzo zonke indawo zemaguswini aseAfrica, laseIndiya, lasemhlabeni jikelele, ayahamba lawa mathephu.

Manje, ukukhethwa koMlobokazi!

31 Ezintweni ezinengi zempilo siyaphiwa ukhetho. Indlela yempilo, ngokwayo, ilukhetho. Silelungelo lokwenza indlela yethu ngokwethu, ukukhetha indlela yethu leyo esifuna ukuyiphila.

32 Ifundo ilukhetho. Singakhetha kumbe sizakuba ngabafundileyo, kumbe kasisoze sibe ngabafundileyo. Lelo lukhetho esilalo.

33 Okuhle lokubi lukhetho. Indoda yonke, umfazi wonke, umfana lenkazana, kufanele bakhethe loba bazazama ukuphila kuhle kumbe bengaphili kuhle. Kulukhetho.

Ukhetho luyinto enkulu.

<sup>34</sup> Isiphetho sakho sanaPhakade silukhetho. Futhi mhlawumbe, lobubusuku, abanye benu bazalwenza lololokhetho, lapho ozakube ukhona enaPhakadeni, inkonzo le ingakapheli lobubusuku. Kuzakuba lesinye isikhathi, leso, nxa wawumala uNkulunkulu izikhathi ezinengi, kuzakuba lesinye isikhathi lapho Ozamala khona okwesikhathi sokucina. Kulomzila phakathi kwesihawu lokwahlulelwa. Futhi kuyinto eyingozi endodeni kumbe umfazi, umfana kumbe inkazana, ukweqa lowo umzila, ngoba kakula kuphenduka lapho useqa lowo mzila wesiphetho. Ngakho, lobubusuku, kungaba yisikhathi lapho abanengi bezakwenza ukhetho lwabo—lwabo, lapho abazakube bekhona enaPhakadeni elingapheliyo.

<sup>35</sup> Kulolunye ukhetho esilalo empilweni, lolo, ngumngane wempilo. Umfana omcinyane kumbe umfazi omutsha, ephumela empilweni, u—uphiwe ilungelo lokwenza ukhetho. Ijaha liyakhetha. Umfazi omutsha ulungelo lokwamukela kumbe ukukwala. Kodwa kulokhe kulukhetho, nhlangothi zonke. Bobabili indoda lomfazi, balelungelo lokukhetha.

Njalo, ulokhetho, njengomKhristu.

<sup>36</sup> Ulokhetho lwebandla, lapha eMelika, okwakhethesi, lelo ongahamba kilo. Lelo lilungelo lakho leMelika, ukukhetha loba liphilibandla lelo ofuna ukuba kilo. Lolo lukhetho. Awudingi ukuthi uye kuloba yiliphi lawo, nxa ungafuni ukuya. Kodwa nxa ufuna ukuntshintsha usuka kuMethodisti usiya kuBaptisti, kumbe iKatolika usiya kuProtestanti, kumbe okunjalo, akula muntu engakutshela kumbe engakwenza ubuye kuloba yiliphi ibandla elithile. Leyo ngeyethu—leyo ngeyethu inkululeko. Yikho lokho intando kazulu yokukhetha eyikho. Wonke umuntu engazikhethela. Inkululeko yenkolo, futhi leyo yi—yinto enkulu. UNkulunkulu asisize sikucine lokho ingqe sisenelisa.

<sup>37</sup> Lawe njalo ulokhetho. Loba . . . Lapho ukhetha leli bandla, ungakhetha loba u, kulelibandla, loba uzakhetha ibandla elizakukuholela esiphethweni sakho salaPhakade. Ungakhetha ibandla lelo elile mvumankolo ethile, lelo ongacabanga ukuthi imvumankolo leyo yilokho nje okufunayo. Kumbe, elinye ibandla lilemvumankolo yalo.

<sup>38</sup> Futhi-ke kuleLizwi likaNkulunkulu, olokhetho ngalo. Kumele wenze ukhetho.

Kulomthetho ongalotshwanga phakathi kwethu, wokukhetha.

<sup>39</sup> Ngiyakholwa kwakungu Elija, ngesinye isikhathi, phezu kweNtaba iKhameli, emva kokuqedelana, eholeni elikhulu lokuhlupheka esesizakuza kulo nje khona khathesi. Futhi mhlawumbe, kungaba njalo kuwe kumbe mina, lobubusuku, ukuthi senze ukhetho lolu, njengesehlakalo seNtabeni iKhameli. Ngeqiniso, ngicabanga kuyenzakala, emhlabeni jikelele,

khathesi. Kodwa kuzakuba lesikhathi khona masinya leso lapho ozamele wenze ukhetho.

<sup>40</sup> Futhi lina madoda lapha, ezinhlanganiso zesonto zamabandla enu, kholwa nje lokhu, ukuthi ihola selikhona kuwe, lapho osuzakwenza ukhetho. Lizangena kuKhansili yoMhlaba, kumbe aliya kuba yinhlanganiso yesonto njalo futhi. Lizamele lenze khona lokho, futhi lolokhetho luyeza masinya.

<sup>41</sup> Futhi kuyinto eyingozi ukuma kuze kube lihola lokucina, futhi, ngoba ungathatha into ongasoze uzinyikinye phandle kwayo. Liyazi, kulesikhathi lapho ongaxwayiswa khona, khona manje, nxa useqa lowo mzila wesixwayiso, khona-ke usuphawuliwe kolunye uhlangothi, usubekwe uphawu.

<sup>42</sup> Khumbula, lapho umnyaka wejubili usiza, futhi u—umpristi wagibela kanye lophondo lwakhe lukhala, ukuthi sonke isigqili singakhululeka. Kodwa nxa bala ukwamukela inkululeko yabo, khona-ke kwakumele ukuthi ahanjiswe ethempelini, ensikeni, futhi usungulo lwambhoboza endlebeni, futhi-ke wasebenzela inkosi yakhe kokuphela. Kwabekwa endlebeni yakhe njengo mfanekiso, lokuzwa. “Ukholo lubuya ngokuzwa.” Wezwa lolophondo, kodwa akazange afune ukululalela.

<sup>43</sup> Futhi izikhathi ezinengi, amadoda labafazi bayezwa iQiniso likaNkulunkulu, futhi belibone Liqiniswa futhi lifakazelwe, iQiniso, kodwa kunjalo kabafuni ukuLizwa. Kukhona esinye isizatho. Kulokunye ukukhetha abalako, kulokukhangelana leQiniso lalokho okukhona, ngakho-ke indlebe zabo zingavaleka eVangelini. Kabasoze beLizwe njalo. Iseluleko sami kini, lapho uNkulunkulu ekhuluma enhliziyweni yakho, wena uhle ukwenze khonapho.

<sup>44</sup> UELija wabanikeza ukhetho, okwakumele bakwenze: “Khethani lolu suku lowo elizamkhonza. Nxa uNkulunkulu enguNkulunkulu, Mkhonzeni. Kodwa nxa uBali enguNkulunkulu, mkhonzeni.”

<sup>45</sup> Manje, lapho sibona ukuthi zonke izinto zemvelo zifanekisa izinto zikamoya, lapho sidlule kukho esifundweni sethu lokhu kusa, njenge langa lemvelo yalo. Lelo kwaku liBhayibhili lami lokuqala. Ngingakabali ikhasi eBhayibhilini, ngabamazi uNkulunkulu. Ngoba, iBhayibhili lilotshiwe yonke indawo emvelweni, futhi nje kuyavumelana leLizwi likaNkulunkulu: ukuthi ukufa, ukungcwatshwa, ukuvuka kwemvelo; lelanga liphuma, lisedlula, litshona, lisifa, livuka njalo. Kulezinto ezinengi esingazifanekisa, uNkulunkulu emvelweni, esingazeqa, okwaluMbiko.

<sup>46</sup> Manje, nxa okukamoya, kumbe okwemvelo kufanekisa okukamoya, khona-ke, ukukhethwa komlobokazi, emvelweni, kungumfanekiso wokukhetha uMlobokazi, uMlobokazi, ngokukamoya.

47 Manje, kuyinto enkulu lapho sisiya khetha umfazi, indoda, izifungo lapha ziyi “size sehlukaniswe yikufa.” Yiyo indlela okufanele sikugcine ngayo. Futhi uthathe isifungo leso phambi kukaNkulunkulu, ukuthi ukufa kuphela kuzalehlukanisa. Futhi ngicabanga kufanele si...Indoda engqondweni yayo eqondileyo, leyo ehlela ikusasa, ukuthi kufanele akhetho lowo mfazi ngokunanzelela okukhulu. Nanzelela lokho okwenzayo. Futhi lomfazi ekhetha indoda, kumbe evuma ukhetho lwendoda, kufanele ananzelelise sibili lokho akwenzayo, futhi ikakhulu kulezi insuku. Indoda kufanele icabange lokukhuleka ngaphambi kokukhetha umfazi.

48 Ngiyacabanga, lamuhla, lokho osokwenze indaba ezinengi zokwahlukana khathesi, ukuthi sikhokhelela umhlaba eMelika, endabeni zokwahlukana. Siyakhokhelela wonke umhlaba. Kulokwahlukana okunengi lapha kulezinye zonke indawo, isizwe lesi, futhi kufanele kube njalo, futhi kucatshangwa ngakho, isizwe samaKhristu. Lihlazo bani, imithethwandaba yethu yokwahlukana! Ngiyacabanga, isizatho sakho, kungenxa yokuthi amadoda basukile kuNkulunkulu, labafazi basukile kuNkulunkulu.

49 Futhi siyathola, ukuthi, nxa indoda ikhulekile lomfazi ekhulekile mayelana ngalindaba; hatshi nje ukukhangela amehlo amabili amahle, kumbe amahlombe amakhulu aqinileyo, kumbe okunje ngalokho, kumbe okunye kwenkanuko zomhlaba; kodwa akhangele kuqala kuNkulunkulu, futhi athi, “Nkulunkulu, kulicebo Lakho leli na?”

50 Ngicabanga, lamuhla, kuloku qilibizela okunengi, njenga sesikolo. Lapho—lapho abantwana besiza lapho, ekuseni, abantwana abanengi esigabeni sabomakhelwane, labo—labo abangane bami, bazakuza ngalapho futhi bathi, “Mfowethu Branham, ungasikhulekela na? Siba lo—lomhloliso lamuhla. Ngi—ngisebenze ubusuku bonke, futhi angikhanyi njengokuthi nginga—nginga kwenza kuhlaliseke. Ungikhulekele.” Ngicabanga ukuthi loba nguphi umntwana wesikolo, nxa ungakwenza, nxa...Futhi abazali etafuleni ekuseni, ungathi, “Mama, uJohn ulomhloliso lamuhla. Kasimkhulekeleni khathesi.” Ngicabanga kungedlula konke lokho elingakwenza loba ngayiphi enye indlela, kumbe ukukhangela ephepheni lomunye futhi uqilibizela, ngicabanga, nxa ungapuma nje futhi ukhuleke mayelana ngaleyo ndaba.

51 Futhi nxa singahlola lokho esikwenzayo lapho sizakutshada, lapho sikhetha umfazi wethu, kumbe indoda, nxa singakuhlola khona! Indoda kufanele ikhuleke ngeqiniso, ngoba engawona impilo yakhe yonke. Khumbula, isifungo siyi “size sehlukaniswe yikufa,” futhi engawona impilo yakhe ngokwenza ukhetho olungayisilo. Kodwa nxa esazi lokho, yena esenza ukhetho olungayisilo futhi etshada umfazi lowo ongafanelanga ukuba ngumkakhe, futhi akwenze kungenani, manje-ke



kuliphutha lakhe. Nxa umfazi ethatha indoda futhi esazi ukuthi akafanelanga ukuba yindoda kuye, khona-ke liphutha lakho, emva kokuba ususazi lokho okuhle lokubi. Ngakho, akufanelanga ukwenze uze ukhulekise okuzwayo kukho.

<sup>52</sup> Okufanayo kuyasetshenziswa ngokukhetha ibandla. Manje, kufanele ukhulekele ibandla okhonzela kilo. Khumbula, amabandla athwala umoya.

<sup>53</sup> Manje, kangifuni kuba ngosolayo. Kodwa ngiyanzelela ukuthi ngiyindoda ekhulileyo, futhi kufanele ngisuke lapha, ezinye zalezi insuku. Futhi kumele ngiphendule ngoSuku lokwaHlulelwa ngalokho engikutshoyo lobubusuku kumbe esinye sonke isikhathi. Futhi mina, ngokunjalo, kufanele ngiqiniseke impela futhi ngisuthiseke ngeqiniso.

<sup>54</sup> Kodwa, uyahamba ebandleni, futhi nxa ungakhangelanga ukuziphatha kwalelo bandla, wena khangelanga nje umalusi okwesikhathshana, futhi ngokuvamileyo uzathola ukuthi ibandla lenza njengomalusi. Kwezinye izikhathi, ngiyamangala nxa nje singathathi umoya womunye lomunye endaweni kaMoya oNgcwele. Uyafika endaweni lapho umalusi udlulisa amalawulo futhi eqhubeka nje, uzakuthola ukuthi ibandla lingendlela efanayo. Ngizakuletha ebandleni lapho engibona khona umalusi esima, azunguze amakhanda abo emuva laphambili. Ukhangele ibandla, bayenza into efanayo. Uthathe umalusi, oginya nje ngesiphangi loba yini, ngokuvamileyo ibandla lizakwenza into efanayo. Ngakho, nxa bengikhetha ibandla, ngizakhetha eliqotho, elisesisekelweni, iVangeli eliGcweleyo, ibandla leBhayibhili, nxa bengikhetha elilodwa lokubeka imuli yami kulo. Khetha. Ngakhangelanga . . .

<sup>55</sup> Abafana, ngolunye usuku, indodana kaMfowethu Shakarian lomkhwenyana wakhe, bangithatha lapha ukuyakhulekela umfo omncane, umhlabeleli, umfana omuhle. Basanda phenduka . . . Fred Barker, lelo kwakulibizo lakhe, wayesanda kuphenduka evela ohambweni. Futhi bangibiza, ukuthi, “uFred wayesesifa.” Futhi-ke, ngingakangeni endlini, omunye umbiko wafika, “Angabe esefile khona khathesi.” Futhi wathi wayebe ebe lo—lokopha kwegazi ebuchophweni, futhi wayewome umzimba, futhi—futhi wayesesifa, futhi umkakhe wayefuna ukuthi ngimkhulekele.

<sup>56</sup> Futhi ngacabanga, “O, nxa ngingazama ukuphapha, uzabe esefile ngingakafiki khonalapho, futhi mhlawumbe engabe esefile khathesi.” Ngakho, ngafona masinyazane futhi ngabiza umfazi omncane efonini. Futhi—futhi saxhuma ifoni, lasendlebeni kaFred. Wayengenelisi ukuginya. Babemsiza ukuginya. Futhi lapho simkhulekela, wathi, waqhweba, kususeni emphinjeni wakhe. Wayesesenelisa ukuginya. Odokotela abazange bakukholwe. Bakususa, futhi wayesesenelisa ukuginya. Wayehlezi, ngolunye usuku.

Ibandla; ukukhetha ibandla.

<sup>57</sup> Ifoni yangena, isikhatshana esedluleyo. Lokhu kusa, ilunga lebandla lami, ngokwe qiniso ngumfazi weBaptisti ophuma eLouisville, ufe kusasekuseni. Futhi ibandla lami ngekhaya, iqembu sibili lamadoda abazinikeleleyo, bazibuthanisa ndawonye futhi baya phansi, umgcini wezidumbu engakamlondolozisi ngemithi, bema ngaphezu kwakhe, bakhuleka impilo yaze yaphenduka phakathi kwakhe. Futhi uyaphila, lobubusuku. Abadala bebandla lami, ngani, bafundiswa ukukholwa ukuthi izinto zonke ziyenzeka, buya kuNkulunkulu ngokuqiniseka.

Ngakho, umele wenze ukhetho oluhle.

<sup>58</sup> Njalo, uhlobo lomfazi lolo indoda ezalukhetha, luzatshengisa izifiso lesimilo sakhe. Nxa indoda ikhetha umfazi ongayisuye, kutshengisa isimilo sakhe. Futhi lokho azibophela kukho, kutshengisa ngeqiniso lokho okuphakathi kwakhe. Umfazi utshengisa lokho okusendodeni lapho emkhetha ukuba ngumkakhe. Kuyatshengisa lokho okuphansi phakathi kwakhe. Kungenani lokuthi uthini ngaphandle, khangela lokho akuthathayo.

<sup>59</sup> Ngiyahamba ewofisini yendoda, futhi athi ungumKhristu; imipikitsha enamathiselwe indawo yonke emidulwini, lalowo mnyuziki omdala we bhugi-wugi uqhubeka. Angilandaba lokho akutshoyo. Kangibukholwa ubufakazi bakhe, ngoba umoya wakhe udla ezintweni lezo zomhlaba. Ini, sithi, nxa engathatha inkazana yezomdanso, kumbe sithi engathatha indlovukazi ekhanga inkanuko, kumbe nje omuhle, urikhetha walezinsuku? Kuyatshengisa. Kutshengisa lokho alakho engqondweni yakhe, kwalokho ikhaya lakhe lakusasa elizakuya kuba yikho, ngoba umthethe ukukhulisa abantwana bakhe ngaye. Futhi loba yini ayikho, yiyo indlela azakhulisa ngayo abantwana labo. Ngakho, kuyatshengisa lokho okusendodeni. Indoda ethatha umfazi njengalokho, uyatshengisa nje lokho acabanga ngakho ngekusasa.

<sup>60</sup> Ungacabanga umKhristu esenza into enjengaleyo? Hatshi, mnumzana. Angingeke. UmKhristu weqiniso akasoze akhangele indlovukazi yezobuhle enjalo, lentombazana ezomdanso, lendlovukazi zokukhanga inkanuko. Uzadinga isimilo somKhristu.

<sup>61</sup> Manje, awungeke ube lezinto zonke. Kungaba lenkazana eyodwa ehle kakhulu. Futhi enye inkazana, mhlawumbe yena u... ukubumbeka kwakhe kukhangeleka ngcono kulalokhu. Futhi uzamele adele oyedwa komunye, kodwa, nxa engayisuye isimo senkosikazi, somfazi. Futhi, yena... angilandaba loba muhle kumbe hatshi. Kungcono ukhangele isimilo sakhe, loba muhle kumbe akekho muhle.

<sup>62</sup> Manje, ngoba, kufanele, nxa umKhristu engakhetha umfazi, kufanele akhethe oqotho, umfazi ozelwe kutsha, kungenani ngalokho akhangeleka ngakho. Yilokho ayikho, lokho okumenzayo yena. Futhi-ke, njalo, lokho kutshengisela isimilo sakhe sobunkulunkulu, futhi kutshengisa lokho okusengqondweni yakhe lalokho okuzakuba yikho kwelakusasa, ngoba imuli yakhe izakhuliswa ngumfazi onjalo, okwezinhlelo zakusasa zekhaya lakhe.

<sup>63</sup> Nxa ethatha omunye walaba orikhetha abancinyane balezinsuku, indlovukazi ezikhanga inkanuko, kuyini angakukhangelela? Likhaya bani indoda engakhangelela ukuba lalo? Nxa ethatha inkazana leyo engela kuziphatha mayelana ngokuhlala ngekhaya futhi anakekele indlu, futhi efuna ukusebenza ewofisini yomunye umuntu, uzakuba ngumgcini bani wendlu? Lizakuba labalizane layo yonke enye into. Kuliqiniso.

<sup>64</sup> Manje, kangikho kangaka kwalokhu ukukhwabitha kwesimanje, kwabafazi abasebenzayo. Lapho ngibona abafazi labo belama yunifomu, begibela idolobho lonke, emdududwini, bengamapholisa, kulihlazo kuloba yiliphi idolobha elizavumela umfazi enze lokho. Bona? Bona? Njengamadoda amanengi angela msebenzi, kutshengisela ukucabanga kwesimanje kwedolobho lethu. Kutshengisela ukwehlisa isithunzi. Akudingi ukuba sibe labo abafazi phandle lapho njengalokho. Kabala msebenzi bephandle lapho njengalokho.

<sup>65</sup> Lapho uNkulunkulu esipha indoda umfazi, Wamupha into enkulu Ayengamupha yona, ngaphandle kwensindiso. Kodwa lapho oyedwa ezama ukuthatha indawo yendoda, khona-ke usephose abeyinto edlulisileyo angayibamba. Manje, kunjalo. Bona?

Manje singabona ukubekwa ngokomoya.

<sup>66</sup> Ngi—ngiyakwazi lokho kubi, ucabanga ukuthi kubi, kodwa kuliqiniso. Asilandaba ukuthi kubi okunganani, kufanele sikhangelane lokuyikho. Yikho lokho iBhayibhili elikufundisayo. Bona?

<sup>67</sup> Manje, thina lapha sibona ngokusobala uhlelo lukamoya, lokuhlela kukaNkulunkulu ngeKhaya Lakhe lakusasa kanye loMlobokazi Wakhe wakusasa, kuyeza kubonakala khathesi.

<sup>68</sup> Nxa indoda ithatha indlovukazi ekhanga inkanuko, uyabona lokho akudingayo kwelakusasa. Nxa indoda ithatha umfazi ongayi kuhlala ngekhaya, uyabona lokho akudingayo kwelakusasa. Futhi mina kwesinye isikhathi. . .

<sup>69</sup> Lokhu kuzwakala kukubi. Ngizwa nje ukuthi ngikutsho. Futhi mina—mina, ngokuvamileyo, nxa ngisizwa nje ukutsho into, kumele ngiyitsho. Futhi ngokuvamileyo kuyindlela kaNkulunkulu.

<sup>70</sup> Nga—ngangivame ukuhamba lomgcini wepulazi engangisebenza laye, ukuthenga inkomo. Futhi ngananzelela umfo lo omdala wayehlala ekhangela ebusweni bethokazi ngaphambi kokuba ayobhida. Futhi waye phendula ikhanda layo, futhi akhangele ngemuva laphambili. Ngamlandela ehamba, ngamkhangela. Futhi waye likhangela phezulu laphansi, nxa wayekhangeleka kuhle, isimilo. Khona-ke waphenduka futhi walikhangela ebusweni, futhi kwesinye isikhathi wayenyikinya ikhanda lakhe futhi asuke ahambe.

Ngathi, “Jeff, ngifuna ukukubuza enye into.”

Wathi, “Khuluma, Bill.”

<sup>71</sup> Futhi ngathi, “kungani uhlala ukhangela leyo nkomo ebusweni?” Ngathi, “Ikhangeleka ilungile, enhle—enhle inkomo elesisindo.”

<sup>72</sup> Wathi, “Ngifuna ukukutshela, mfana, ulokunengi okokufunda.” Futhi nga—angakunanzelela emva kokuba esengitshelile. Wathi, “Angilandaba ukuthi wenzwe njani. Angaba elenyama, kuze kuthi ngqe emasondweni. Kodwa nxa ilalokho kukhangeleka kokuba luhlaza ebusweni balo, ungaqali ukulithenga.”

Wathi, “Kungani kunjalo, Jeff?”

<sup>73</sup> “Awu,” wathi, “into yokuqala yikuthi,” wathi, “alisoze lihlale ndawonye.” Futhi wathi, “Into elandelayo yikuthi, alisoze libe ngumama etholeni layo.” Futhi wathi, “Balifake esibayeni khathesi, isizatho linonile. Ungalikhulula, lalokho kukhangela okuluhlaza, liza tshotshela ukufa.”

<sup>74</sup> Ngathi, “Uyakwazi, ngangathi ngifunde enye into. Ngiyakholwa lokho kuyasebenza kubafazi, futhi.” Kunjalo. Kunjalo.

<sup>75</sup> Lobo buluhlaza, ukudonsa amehlo, ukukhangela kuka rikhetha, kungcono uhlale kude laye, mfana, konke lokho okulubala lwesibhakabhaka phezu kwamehlo akhe. Futhi kangizange... angeke ngikufune lokho. Kangicabangi ukuthi lokho kufanele kumKhristu. Kangilandaba ukuthi itelelevision lephepha likutsho kanjani ukuthi kuhle. Kuyinto ekhangeleka imbi kakhulu, ukhangeleka okwesabekayo lokho engingakaze ngikubone empilweni yami.

<sup>76</sup> Lapho ngiqala ukubona lokho, lapha eKhefa yeClifton, okunye ukusa, ekudleni kwekuseni...Ngabona amanye amakhosikazi amatsha esiza. UMfowethu Arganbright wayesanda kungena nje, lami. Futhi waye hambe edlini yaphansi. Futhi ngakhangela, futhi lowo nkazana wangena phakathi. Ngacabanga, “Awu, a—a—a—angikwazi.” Angikaze ngikubone ngaphambilini. Kwakungolunye uhlobo. O, kwakhangeleka njengokuthi waye bolile, liyazi, sengathi nje uyamangalisa. Kangikutsho lokho ukuba yinhlekisa.

Ngi—ngiyakutsho khona. Liyazi, sengabona ubulepero. Ngingu'mishinari. Ngibone imihlobo yonke yobulima liyazi, ukuthi kanjani imikhuhlane. Futhi ngangizakuya kulinkosikazi encane futhi ngimtshela, “Ngi—ngi—ngingumtshumayeli. Ngi—ngiyakhulekela abagulayo. Unga—ungathanda ukuthi ngikukhulekele?” Futhi ngangikaze ngibone ulutho olunje ngalolo. Futhi-ke, nanko kusiza ababili kumbe abanye abathathu, phakathi. Ngangathi ngibuyela emuva futhi ngalindela.

<sup>77</sup> Futhi uMfowethu Arganbright wabuya ngalapho, ngakho ngathi, “Mfowethu Arganbright?” Angabe elapha. Ngathi, “Yini uhlupho ngomfazi lowo?” Bona?

Futhi wathi, “Lokho, yipenda.”

<sup>78</sup> Ngathi, “Awu, minabo, minabo!” Bona? Ngacabanga ukuthi bafanele bamfake esibhedlela semikhuhlane ebulalayo kwenye indawo, liyazi, bakuvimbele ekusabalaleni kwabanye bonke abesifazana.

<sup>79</sup> Kodwa, uyazi, kufanele uhlele, ukhangele, ukhuleke, lapho ukhetha. Ngoba, siyabona, ngalokhu, iLizwi lesithembiso. Yena, umlobokazi indoda ezamkhetha, uzakutshengisa isimilo sakhe. Kutshengisa lokho okukuye.

<sup>80</sup> Manje, ungacabanga indoda, egcwaliswe kanye ngoMoya oNgcwele, ithatha into enjengalokho ukuba ngumfazi? [Ibandla lithi, “Hatshi.”—Mhl.] A—a—angikuboni khona nje, mfowethu. Manje, mhlawumbe ngiluhlanya oludala nje. Kodwa, uyazi, a—angeke ngikuzwisise lokho, bona, nanzelela, ngoba kuzatshengisa lokho okukuye. Uzamcedisa ukwenza ikhaya lakhe lakusasa.

<sup>81</sup> Manje, khona-ke, lapho sintshintshela emuva khathesi okwesikhatshana, ehlangothini lukamoya. Futhi lapho ubona ibandla elisemhlabeni, lisenza njengomhlaba, ekhangelele emhlabeni, lihlanganyela okomhlaba, libala iMilayo kaNkulunkulu engazathi kazange Ayibhale Yona, manje-ke u—ungacabanga nje uKhristu akayi kuthatha uMlobokazi onjengalokho. Ungacabanga uthatha ibandla lesimanje lamuhla okoMlobokazi? Hatshi iNkosi yami. Angi. . . ngikubona kanzima lokho. Hatshi. Khumbula, manje, indoda lomkakhe bamunye. Ungazihlanganisa ngokwakho emuntwini onjengalowo? nxa ungakwenza, kungadanisa sibili ukholo lwami kuwe.

<sup>82</sup> Futhi, khona-ke, kungaba kanjani uNkulunkulu ezihlanganisa ngoKwakhe entweni enjengalokho, iwule elivamileyo lenhlanganiso yesonto? Ucabanga ukuthi Angakwenza, “Esiba lesimo sobunkulunkulu kodwa esala amandla akho”? Akasoze akwenze khona. Kumele abe lesimilo Sakhe phakathi kwakhe. Lona eliqotho, eliqinisekileyo, iBandla elizelwe kutsha kufanele libe le—lesimilo esasikuKhristu, ngoba indoda lomfazi bamunye. Futhi nxa uJesu wenza lokho kuphela

okwathokozisa uNkulunkulu, Wagcina iLizwi Lakhe futhi wabonakalisa iLizwi Lakhe, uMlobokazi Wakhe uzafanele abeluhlobo olufanayo lwesimilo. Wayengeke, ngitsho lakancane, abe yinhlanganiso yesonto. Ngoba, manje-ke, kungela ndaba ukuthi ufuna ukuthi, “hatshi,” ubuswa libhodi labaphathi kwenye indawo, lelo elimtshela lokho okokwenza lalokho angeke akwenze, futhi, izikhathi ezinengi, amamayila ayizigidi khatshana leLizwi leqiniso.

<sup>83</sup> Kubi kakhulu ukuthi sesasuka khatshana lomKhokheli oqotho uNkulunkulu asitshiyela yena ukukhokhela iBandla. Akazange athumele abafundisi abakhulu belizwe. Akazange athumele obhishopi, okhadinali, abapristi, opapa. Wathumela uMoya oNgcwele esenzela iBandla, ukukhokhela iBandla. “Lapho Yena uMoya oNgcwele esubuyile, Uzalikhokhelela kulo lonke iQiniso, embule lezi zinto kuni, lezo engilitshele zona, azilethe emkhumbulweni wenu, futhi alitshengise izinto ezizakuza.” UMoya oNgcwele wayezakwenza lokho. Manje, ibandla lesimanje liyakuzonda Lokho. Abakuthandi Lokho, ngakho engaba kanjani uMlobokazi kaKhristu? Abantu balamuhla bakhetha inhlanganiso yesonto yesimanje. Lokho okukwenzayo, kutshengisa kuphela ukuzwisisa kwabo okuyize kweLizwi.

<sup>84</sup> Angitsho ukuzwisa ubuhlungu, kodwa ngitsho ukuthi kungene ngokujula okweneleyo uze ukhangele kikho.

<sup>85</sup> Senga tshadisa izithandani ezinengi, kodwa kuhlezi kungikhumbuza ngoKhristu loMlobokazi Wakhe. Omunye wemitshado engayenzayo lapha, isikhathi esedluleyo, kwa—kwakuyinto ebalulekileyo empilweni yami. Sekube yiminyaka ethile edluleyo, lapho ngisase ngumtshumayeli omcinyane.

<sup>86</sup> Umfowethu wayesebenza e—e PWA. Angazi loba ukhona umuntu ongabe ekukhumbula lokho, lamanje, kumbe hatshi, loba ngubani usemdala njengami. Futhi lokho kwaku ngu—ngumsebenzi wokwakha lowo uhulumende ayelawo. Futhi umfowethu wayesebenzela phose kumamayila angamatshumi amathathu. Babegebha amadamu, umsebenzi wokulondoloza.

<sup>87</sup> Futhi kwakulomfana owayesebenza phezulu lapho, kanye laye, ovela eIndianapolis, phose, o, phose amamayila alikhulu ngaphezu kweJeffersonville lapho e—engihlala khona, kumbe engangihlala khona. Futhi kwakule... Wathi kumfowethu, ngolunye usuku, wathi, “Doc,” wathi, “ngi—ngifuna... ngizabe ngitshada, aluba nje bengilemali eneleyo ukubhadala umtshumayeli.” Wathi, “ngi—ngithole imali enelayo ukuthola ilayisensi, kodwa,” wathi, “kangila imali eneleyo ukubhadala umtshumayeli.”

<sup>88</sup> UDoc wathi, “Awu, umfowethu ngumtshumayeli, futhi—futhi e—engakutshadisa.” Wathi, “Akabhadalisi abantu izinto ezinje ngalezo.”

Wathi, “Ungamcela uba engangitshadisa?”

<sup>89</sup> Awu, lobobusuku umfowethu wangicela. Ngathi, “nxa engakaze atshade ngaphambili, loba nguphi wabo, futhi bona ba. . .yonke into ilungile.”

Wathi, “Awu, yebo, ngizambuza.”

Futhi ngathi, “Uba kuyikho, mtshele, abuye lapha phansi.”

<sup>90</sup> Ngakho, lapho uMgqibelo usiza ngalapho futhi umfana wabuya. Kube yinto enkulu kimi, ukuhlala ngikhangelana ngemuva kulokhu. Ngangiza. . .Imini eyayisina, futhi lemota iChevrolet endala, ilezibane ezinkulu zaphambili zibotshwe ngocingo lwamabheli, yatshayelwa, phandle phambili. Isikhatshana nje emva kokulahlekelwa ngumkami, futhi ngangibhadalela, amakamelo amabili amancinyane. Futhi—futhi uDoc wayephezulu lapho kanye lami, sibalindele.

<sup>91</sup> Futhi—futhi umfana waphuma phandle kwemota, futhi ngeqiniso wayengakhangeleki njengomyeni, kimi, kumbe kanjalo kuloba wuphi umuntu, ngiyacabanga. Yebo. Ngangingathenga izicathulo ezinhle kakhulu, ngedola lengxenye. Futhi wayegqoke ipheya zasezivuthukile. Futhi ibhulugwe lakhe lalikhukhumele sibili. Futhi wayegqoke enye yalawa amajakhethi amadala ezikhumba. Kangcabangi ukuthi abanye benu lina bantu abadala lingakhumbula. Lalikhangeleka sengathi ladluliswa emtshineni wokuwatsha lingazange lihlanjululwe, futhi lalitshwabhene, libotshwe njenga *lokhu*, futhi lekhona liphezulu.

<sup>92</sup> Futhi i—ikhosikazi elincane laphuma phandle eceleni, kanye lokuncinyane, o, esinye salezo esincinyane isigqoko esikhangeleka siyisikotshi.

<sup>93</sup> Angikwazi. Ngenza iphutha ekubizeni lolohlobo lwempahla, ngesinye isikhathi. Gingham, ngiyakholwa kubizwa njalo. Futhi njalo kwakuyi. . . [Ibandla liyahleka—Mhl.] Ngikutsho ngendlela engayisiyo futhi. Ngi—ngihleli ngikwenza. Futhi ngathi. . .

<sup>94</sup> Waphuma phandle kwemota, futhi basebesiza phezulu emastepisini. Futhi—futhi lapho bengena phakathi, into encinyane ehawulayo, yena. . .ngiyathemba, yena, phose nje konke lokho ayelakho ekugqokile kwakuyisiketi. Futhi wayengela izichathulo, phose sibili, ayezigqokile. Waye gade amalifti evela eIndianapolis, phansi. Wayele nwele ezincinyane zilengele phansi, ngemuva, zizinde, sengathi zelukiwe zisehla ngemuva kwakhe. Wakhangeleka emcinyane kakhulu.

Futhi ngathi kuye, “Usukhulile okweneleyo ukuthi ungatshada?”

<sup>95</sup> Wathi, “Yebo, mnumzana.” Futhi wathi, “Ngile mvumo yami elotshiweyo evela kubaba wami lomama.” Wathi, “Ngayitshengisa ku—kumthethwa ndaba lapha, ukuthola ilayisensi yami.”

<sup>96</sup> Ngathi, “Kulungile.” Ngathi, “ngizathanda ukukhuluma lani kancinyane ngaphambi kokwenza lumtshado.” Bahlala phansi. Umfana wayelokhu ethalaza ekamelweni; wayedinga ukuthi agelwe inwele sibili. Futhi waye lokhu ethalaza ekamelweni. Wayengangilaleli. Ngathi, “Ndodana, Ngifuna ukuthi ulalele lokho engikutshoyo.”

Wathi, “Yebo, mnumzana.”

Futhi ngathi, “Uyayithanda linkazana?”

Wathi, “Yebo, mnumzana. Ngiyayithanda.”

Ngathi, “Uyamthanda?”

“Yebo, mnumzana. Ngiyamthanda.”

<sup>97</sup> Ngathi, “Manje, ulendawo yokumusa khona emva kokutshada?”

Wathi, “Yebo, mnumzana.”

<sup>98</sup> Ngathi, “Kulungile. Manje,” Ngathi, “Ngifuna ukukubuza enye into. Ngiyazwisisa, usebenza phezulu lapha kuleyi PWA.”

Futhi wathi, “Yebo, mnumzana.” Lokho kuphose kube ngamadola alitshumi lambili ngeviki.

Ngathi, “Ucabanga ukuthi ungakwanisa ukumphilisa?”

Wathi, “ngizakwenza konke engingakwenza.”

<sup>99</sup> Futhi ngasengisithi, “Awu, lokho kulungile.” Futhi ngasengisithi, “Manje, aluba engaphuma phandle ko... Aluba engaphelelwa ngumsebenzi lowu, dadewethu? Kuyini ozakwenza, uzabaleka ubuyeke ngemuva ekhaya, kumama, ubaba?”

Wathi, “Hatshi, mnumzana. Ngizahlala laye.”

<sup>100</sup> Futhi ngathi, “Aluba, mnumzana, nxa ungaba labantwana abathathu kumbe abane, kungela okokubapha ukudla, futhi ungaselawo umsebenzi. Kuyini ozakwenza, uzamxotsha?”

<sup>101</sup> Wathi, “Hatshi, mnumzana. Ngiza sadalala ngisiya phambili. Sizakwenelisa, ngezinye indlela.”

<sup>102</sup> Ngezwa ngisiba mcinyane. Futhi ngabona ukuthi uyamthanda kakhulu, futhi babethandana. Ngabatshadisa.

<sup>103</sup> Khona-ke ngamangala lapho angabe emuse khona. Insuku ezinlutshwana, ngabuzwa umfowethu, Doc, lapho okwakukhona. Wathi, “Yehla uye eNew Albany,” idolobho elincane ngaphansi kwethu.

<sup>104</sup> Futhi phansi emfuleni, lapho engangila magabha elele khona, lapho engangihamba khona nsuku zonke lapho ngi—ngisalungisa intambo. Ngakho lapho abanye abomfo, babehlala lapho bonke, bekhuluma inhlekisa lezinto, Ngangingena erolini futhi ngigijime phansi emfuleni futhi ngikhuleke ngaleso sikhathi, phakathi lapho, futhi ngibale iBhayibhili lami, ngaphansi kwesiqephu sezenge elikhulu lapho imikhando



yensimbi endala eyayikhona. Kule xuku lamatolokisi amadala ehlezi phansi lapho.

<sup>105</sup> Futhi lumfo wayehambe phansi lapho futhi wathola enye yalawo amatolokisi futhi wazisahela umnyango phakathi kwalo. Futhi wayethethe iphephendaba lama lezikopela zesipenede.

<sup>106</sup> Bangaki abaziyo leso sikopela sesipenede esiyikho? Akula abase Kentucky lapha, laphake. Kuyi, thatha isiqephu sekhadibhokisi, ufake isithupha phakathi kwakho, isipikili esingela khanda esincinyane. Futhi-ke ubususufuqela phakathi kwe. . . Yiso isikopela sesipenede.

<sup>107</sup> Ngakho, basebekufake ndawo yonke. Futhi wayehambe phezulu lapho emikandweni yensimbi futhi wazitholela izinto, futhi wenza isitepusi, ukukhwela phezulu. Futhi wathola amabhokisi amadala, futhi wazenzela itafula. Futhi ngacabanga, ngolunye usuku, “ngizakwehla futhi ngibone ukuthi baqhuba njani.”

<sup>108</sup> Phose inyanga eziyisithupha phambi kwalokho, ngatshadisa indodakazi kaE.V. Knight endodaneni ka E.T. Slider. E. V. Knight, omunye wamadoda anothileyo akhona eMfuleni iOhio, futhi, o, uphethe amafakithori amakhulu ngalapho, esenza izindlu zemiduli eza ilungisiwe, lokunjalo. Futhi—futhi uSlider, E.T. Slider, yinkampani yetshebetshebe legraveli, abantwana besinothi esilezigidi. Futhi ngangibatshadisile.

<sup>109</sup> Futhi ngabuyela endaweni, ngakufundela phose amaviki amabili, futhi sibuyela endlwaneni futhi siguqa emqamelweni. Futhi yonke ngikhuba lento yonke engedlula kuyo, phose, kwakufanele ngidlule kukho, ukutshadisa laba ababili! Futhi lapho bephuma phandle, ngani, kwakule. . . Laba abanye ababili bama nje lapho ekamelweni elidala elincinyane lapho esasile sofa elincinyane lombheda ogoqwayo, kodwa bonke batshada ngomtshado ofanayo.

<sup>110</sup> Futhi-ke ngolunye usuku, ngacabanga ukuthi ngizakwehla futhi ngivakatshale laba ababili abanothileyo. Babengadingi ukusebenza, obaba babo babelezigidi, babebakhele indlu enhle. Ngeqiniso, lowu uE.V. Knight, phezulu, lapha oqaqeni, izibambo zesivalo zingamatshumi amane ekarati legolide endlini yakhe yeskhosini enkulu, ngakho ungacabanga ukuthi luhlobo bani lwendlu abaphila kiyo. Kwakungadingeki ukuthi basebenze. Babele Cadillac enhle ababeyiphiwa umnyaka ngomnyaka. Futhi nje, abantwana kuphela, futhi nje babelento yonke ababeyifuna. Lapho ngifika lapho ngolunye usuku. . .

<sup>111</sup> Manje, ukuthi ngajwayelana labo njani, omunye wabangani babo wayengumngane wami omuhle. Sonke sasingathi siyezwana ndawonye. Futhi yiyo indlela engajwayelana labo, lapho befuna ukuthi ngibatshadise.

<sup>112</sup> Ngakho ngenyuka ukuya bavakatshela. Ngaphuma phandle kwe Ford yami endala, phandle, futhi ngakhwela

amastepisi. Futhi—futhi ngafika phezulu, eduzane kancinyane, futhi ngabezwa. Futhi bonke babephophothisana sibili. Babelobukhwele komunye lomunye. Babehambe emdansweni. Wayeyinkazana enhle kakhulu. Futhi wayeluhlobo lwalezi ndlovukazi yezobuhle. Wathatha imiklomelelo eminengi khona ngalapho, futhi wathola imivuzo yezimota lezinto, ngokuba yindlovukazi yezobuhle. Futhi ngabakhangela, futhi omunye wayehlezi kwelinye ikhona futhi lomunye kwelinye, bephophothisana mayelana ngomfana ayedanse laye, kumbe eyinye inkazana, enye into.

<sup>113</sup> Lapho ngisiza, beqa khona ngokuphangisa futhi bagonana omunye lomunye ngasesibuyeni, futhi izandla zabo—zabo, zisabalele ngasesibuyeni, babuya besiza ngasemnyango. Wathi, “Ngani, salibonani lapho, Mfowethu Branham! Ungabe unjani na?”

Ngathi, “Kulungile. Liqhuba kanjani?”

<sup>114</sup> Futhi, “O,” wathi, “ngi—ngi...Siyajabula kakhulu. Ayisikho na, sithandwa?”

Futhi wasesithi, “Yebo, sithandwa.” Bona?

<sup>115</sup> Manje, liyabona, ufaka into engasiyo yeqiniso. Manje, awungeke ukhudumezwe ngomlilo odwetshiweyo, njengamanye alawo mabandla azama ukudweba iphentekhosti, yenye into eyenzakala iminyaka eyinkulungwane edluleyo kumbe inkulungwane ezimbili ezedluleyo. Awungeke ukhudumale ngomlilo odwetshiweyo. IPhentekhosti iqotho nje lamuhla njengalokho eyayiyikho kuqala. Bona? Yebo. UMLilo lokhe usehla. Kayisiwo umlilo odwetshiweyo. NguMlilo weqiniso.

<sup>116</sup> Ngakho, bona, nje lapho babelapho. Bona? A—angingeke ngithande ukuphila njengalokho.

<sup>117</sup> “O,” ngacabanga, “liyazi, nje phansi ngaphetsheya kweliwa lapho futhi langaphetsheya komfula kulapho labo abanye ababili abacina bekhona.” Ngacabanga, “Ngomunye uMgqibelo emini ngizanyenya phansi ngale futhi ngibone ukuthi babephila njani.”

<sup>118</sup> Ngakho mina, ngingcolile ebusweni, futhi ngigqoke iwovolosi engcolileyo, ngilamathuluzi ami. Ngacabanga, “Ngizanyenya kubo.” Nganyenyela sengathi ngangidinga ama insulator ayetshaywe ngumbane kumbe enye into, futhi lapho ngihamba ngaseceleni kwentambo yefoni, intambo zamagetsi zilinganise lomfula. Futhi nanso iChevrolet endala, yayihlezi phandle phambili. Phose umnyaka sokwedlule, emva kokuba sengibatshadisile. Futhi kwaku le—le... Umnyango wawuvulekile, futhi ngangibezwa bekhuluma. Ngakho lokhu kuzwakala njengokuzenzisa, kodwa ngasondelela eduzane okweneleyo ngaze ngenelisa ukulalela, ngibona lokho ababekukhuluma. Ngama khonalapho. Futhi nje ngifuna ukubakwazi, ngokwami.

119 Ngiyathanda ukuzibonela futhi ngibeleqiniso ngiyazi lokho engikhuluma ngakho. Yiyo indlela engenza ngayo ngeLizwi likaNkulunkulu. KuliQiniso na, kumbe Ayisilo Qiniso na? Uzakuligcina iLizwi Lakhe, kumbe Akaligcini iLizwi Lakhe? Engaligcini iLizwi Lakhe, khona-ke Akasuye Nkulunkulu. Bona? Uyaligcina iLizwi Lakhe, Ungu Nkulunkulu. Bona?

120 Futhike ngangifuna ukubona ukuthi babephilisana njani. Futhi nganyenyela ngaseceleni, ngithulisele sibili. Ngamuzwa esithi, “O, sithandwa, bengifuna ukukutholela lokho wena, sibili.”

121 Wathi, “Manje, khangela, sithandwa senhliziyo.” Wathi, “Lesi isigqoko sikahle.” Wathi, “Ngani, lokhu nje kuhle.” Wathi, “Ngiyakuthakazelela lokho. Kodwa uyabona . . .”

122 Ngabhoda nginyenya, ukuze ngenelise ukukhangela ngesikhala, lapho umnyango owawufuqiwe uvulekile lapho etolokisini. Futhi nango elapho, ehlezi phakathi lapho, futhi yena ethangazini lakhe; futhi lengalo yakhe imsingathile, futhi lengalo yakhe imsingathile. Futhi wayelenye yalezi ingwane ezindala eziwohlokileyo futhi wayefake isikhala esincinyane, wayefithizela phansi, phezulu, futhi wakhupha itsheki yakhe yomholo, kulokho. Wa—wayeyibeke lapho phezulu kwetafula. Wathi, “*Engaka* ngeyamagrosari. *Engaka* ngeye inshuwarensi. Futhi *engaka* ngeyemoteni.” Futhi yayingeneli izindleko zabo. Uthola ukuthi, wayebone isigqoko esincinyane phezulu lapho efasiteleni, wayesikhangela okwamaviki athile, sona sasibiza idola lokunye. Wayefuna ukusithatha. Wathi, “Awu, sithandwa, ungakhangeleka umuhle kakhulu usigqokile.” Futhi wasesithi . . .

123 Wathi, “Kodwa, sithandwa, ngi—ngilesigqoko. A—angisidingi kangako.” Bona? Futhi leyondlovukazi encinyane . . .

124 Futhi ngabuyela emuva, futhi ngakhangela phezulu. Ngangibona u—umphongolo phezulu kwenye indlu. Ngama khonalapho futhi ngakhangela, imzuzu emilutshwane. Ngacabanga, “Ngubani oyindoda enothileyo?” Ngacabanga, “Nxa, uBill Branham, nxa ufuna ukuthatha iphi indawo, kungaphi lapho owawungaya khona?” Kimi, kangiyi kuthatha leyonto enhle phezulu esiqongweni soqaqa. Ngingathatha lesi similo phansi lapha, umakhi khaya sibili, umuntu ongithandayo futhi owahlala lami, umuntu ozama ukwenza ikhaya; futhi hatshi ekumunya ngento yonke, ngempahla ezinhle; umuntu lowo owaye kanye lawe, ingxenye yakho.

125 Lokho kwahlala kunginamatele okokuthi kwakunjani. Omunye wakhetha inkazana enhle, omunye wakhetha isimilo. Manje, yiyo indlela kuphela ongakhetha ngayo. Kuqala, khangela isimilo; futhi-ke, nxa umthanda, kuhle.

<sup>126</sup> Nanzelela, uAdamu wakuqala kaNkulunkulu kazange abelokukhetha, okomkakhe. Akazange athole ukhetho. UNkulunkulu wamenzela oyedwa, futhi akazange athi ukumkhetha yena. Ngakho siyathola ukuthi wamkhokhelela kokungayisikho wamsusa eLizwini likaNkulunkulu. Akazange athi ukukhulekela lindaba. A—a—akekho njengawe lami. Akazange abe lokhetho. Futhi njalo, ngokwenza lokho, wamkhokhelela ukusuka endaweni yakhe eqotho eyokuba yindodana kaNkulunkulu. Futhi wakwenza ngokumtshengisa indlela yokuphila yesimanje manje into ababengafanelanga ukuyenza. Kodwa isimilo sakhe satshengisa ukuthi wayephambanisile. Injongo lenhloso zakhe kalula nje zaziphambanisekile. Futhi wamcenga, ngokucabangisisa kwakhe, ukuthi ukukhanya okutsha kwesimanje manje ayekutholile, lokho okwakuphikisana leLizwi likaNkulunkulu, kwakuyindlela engcono yokuyiphila.

<sup>127</sup> Futhi bangaki abafazi lamuhla, futhi njalo ngolunye uhlangothi, amadoda, abangadonsela owesifazana olungileyo khatshana loNkulunkulu, kumbe andosele indoda elungileyo katshana loNkulunkulu? ngokuzama ukumtshela, “Linkolo, lina bafana bamaPhentekhosti, leyo nkolo,” bathi, “o, lokho yisidala, yikudla ngoludala, ungakukholwa lokho.” Kungcono ukhuleke nzima ngaphambi kokuthatha lowonkazana. Angilandaba ukuthi muhle okunganani. Ngokufanayo endodeni.

<sup>128</sup> Wamcenga wamkhupha phandle kwentando kaNkulunkulu futhi wambangela ukwenza into okwakungafanelanga ayenze, futhi, ngakho, wabangela ukufa kusendo lonke lwabantu. Yiso isizatho iBhayibhili limalela ukuthi afundise, kumbe atshumaye, kumbe abambe okweLizwi likaNkulunkulu, loba ngayiphi indlela.

<sup>129</sup> Ngiyakwazi, bodadewethu, abanengi benu lithi, “INkosi ingibizile ukuthi ngitshumaye.”

<sup>130</sup> Angiyi kuphikisana lawe. Kodwa ngizakutshela, iLizwi lithi ukuthi lingakwenzi. “Akayi kufundisa, kumbe ukuba legunya, kodwa ukuba azithule.”

“Awu,” wena uthi, “iNkosi yangitshela ukuthi ngikwenze.”

<sup>131</sup> Angikuthandabuzi lokho lakancinyane. Like lezwa uMbiko wami ngobunye ubusuku mayelana ngoBalami? UBalami wathola esokuqala, isinqumo esiqondileyo sika kaNkulunkulu, “Ungakwenzi.” Kodwa waqhubeka esenza ubuwula khonapho kwaze kwathi ekucineni uNkulunkulu wamtshela ukuthi ahambe ayekwenza.

<sup>132</sup> UNkulunkulu engakuvumela ukuthi utshumaye. Angitsho ukuthi Akazange. Kodwa kakuhambelani leLizwi Lakhe lakuqala lohlelo. “Ngoba kufanele ukuthi abengaphansi kokulalela, njengalokho kusitsho lomlayo.” Kuliqiniso. Ngakho-ke, akafanelanga ukuthi akwenze.

133 Manje, nanzelela njalo ukuthi umlobokazi wenyama ufanekisa njani okamoya. ILizwi lithi, ukuthi, “Wenzelwa indoda, futhi hatshi indoda isenzelwa yena.”

134 Manje ngizakukhuluma, futhi kungani, emzuzwaneni emilutshwana, ngoMlobokazi kaKhristu, kodwa ngizama ukulitshengisa okusemuva kwakho.

